THATHA ABAHLANU

Umkhuleko wesikompilo elinakekelayo

Indlela elula neqhinga lokufinyelela kubantu abadinga isibusiso sika Nkulunkulu ezimpilweni zabo.

Lendlela ilula kakhulu ukukusiza ufinyelele kubantu nevangeli lika Jesu Kristu, kwezinye izindawo ibizwa ngokuthi**,** *ivangeli lomkhuleko.* Leli yiqhinga elilula kodwa elihle elingasetshenziswa yiwo wonke ama Kristu ukufinyelela kubangani, imindeni, abalingani nomakhelwane.

Isinyathelo sokuqala – Khetha abangani abahlanu / imindeni yokukhulekelwa

Khuleka ucele e Nkosini abangani abahlanu, amalungu emindeni, abalingani noma omakhelwane obaziyo ukuthi badinga isibusiso sika Nkulunkulu ezimpilweni zabo nabadinga okungaphezulu ngo Jesu ezimpilweni zabo.

Bhala amagama abo phansi :

1._____ 2._____

3._____ 4._____

5._____ _____

(Ungakwenzi lokhu umthetho. Uma ubona ukuthi abantu abahlanu baningi ngosuku, okukanye izinsuku ezinhlanu ngeviki, khulekela ababili, noma abathathu, futhi uma ufuna ukukhulekela abangaphezu kwabahlanu kulungile. Siveza umbono nje wabantu ongaqala ngabo abahlanu.)

Isinyathelo sesibili – Bakhulekele izibusiso ezinhlanu, imizuzu engu 5 kuya ku 10

Uma ubakhulekela khulekela izinto ezinhlanu :

- **Umzimba –** impilo, ukuvikeleka, amandla
- **Umsebenzi –** ukusebenza, inzuzo, ukuvikeleka
- **Okwemizwa –** intokozo, ukuthula, ithemba, uthando
- **Okwenhlaliswano –** uthando, umshado. ubudlelwane nemindeni, abangani, omakhelwane nabasemsebenzini
- **Okomoya –** Ukusindiswa, ukukholwa, umusa, ububele, ukukhula ngoko Moya (Unganezela ezinye izinto ongazikhulekela, kodwa qala ngalezi ezinhlanu lapho

usakhulekela lababantu noma lemindeni yakho)

Uma ukhulekela ukusindiswa kwabantu, mcele futhi u Nkulunkulu ukuba ngamandla ka Moya Ongcwele abantu baqale ukuzibuza lemibuzo elandelayo :

- Ngubani engingamethemba?
- Iyini injongo yami empilweni?
- Ngiyokhululeka nini?
- Ngiyoyakuphi uma ngifa?
- Kungani ngimzonda u Nkulunkulu? Kungani ngimbalekela?
- Ngingaziphatha kanjani izinkinga zami?
- Ngiyokhululeka kuphi? Ngubani ongangivikela?

Isinyathelo sesithathu – Ukunakekela abantu ngokubhekelela izidingo zabo ezinqala

Kukhona okunye ongakwenza ngaphezu kokukhuleka? Yebo! Uma usuqalile ukukhulekela abahlobo bakho noma imindeni emihlanu, qala ukucela ku Nkulunkulu ukuba abanakekele ngempela. Omunye wabo angagula : mphekele ukudla, mhambisele izingane zakhe esikoleni, mwashele. Omunye angafelwa yimoto yakhe, mgibelise eya emsebenzini, mboleke nemoto. Ngaso sonke isikhathi enesidingo esinqala, zimisele ukubakhulekela. Musa ukuzigqaja ngalokho babuze ukuthi bayavuma yini ukukhulekelwa bese uyabakhulekela. Cela i Nkosi ibasize ibabusise.

Isinyathelo sesine – Bahlephulele ngo Jesu nobulungiswa bakhe

Okulandelayo ukubheka “amathuba” emvelo okuxoxisana nabo ngokholo lwakho. Ungabacindezeli ngakho. Banike ivesi ubatshele ngokuphendulwa kwemikhuleko, ubatshele ngokuzimisela kwakho ukubakhulekela. Ngesikhathi ukwenza lokhu ubanakekela buyakhula ubungani amathuba ayavuleka ukubatshela ngokholo lwakho.

Isinyathelo sesihlanu – Bekezela okungenani unyaka wonke

Ukwenza lezinyathelo ezinhlanu empilweni yakho yokukhuleka kuyoholela kulokhu esithi **umkhuleko wesikompilo lokunakekela.**
Kuyinto elula,eyenzekayo,engathusi eyivangeli – engenziwa ngisho abantwana. Kuyindlela enhle yokufinyelela kubantu nge Vangeli lika Jesu Kristu.

Kungani kufanele ngibusise omakhelwane bami?
U Nkulunkulu wathi ku Abrahama uyobusisa izizwe zonke zomhlaba ngaye

(Genesisi 12:3). Ku Numeri 6:24-27 u Nkulunkulu ufundisa u Aroni ukubusisa abantu *"U Jehova makakubusise akulondoloze; u Jehova makakhanyise ubuso bakhe phezu kwakho abe nomusa kuwe ; U Jehova makaphakamise ubuso bakhe phezu kwakho akuphe ukuthula"* Ku 1 Johane 16 sitshelwa ukuthi ngo Jesu sizuza umusa ngomusa. Ku Genesisi 1 sifunda ukuthi u Nkulunkulu esedalile izulu nomhlaba wakubusisa. U Nkulunkulu ufuna ukubusisa abantu futhi ufuna babusiseke. Izibalo ziyasho ukuthi ngaphezu kuka 98% wabo bonke abantu bakulungele ukukhulekelwa ukuze u Nkulunkulu ababusise.

Ukukhuleka umkhuleko wezibusiso

(a) Ungakhuluma isibusiso kubantu (Isb. Ngiyakubusisa egameni lika Jesu), noma (b) ungamcela u Nkulunkulu ukuba abusise abantu (Isb. Baba egameni lika Jesu busisa u Sbanibani.) Babusise egameni lika Jesu ubakhulekele umusa nobubele buka Nkulunkulu.

Isibonelo somkhuleko wesibusiso "I Nkosi ikubusise ikugcine, I Nkosi ikhanyise ubuso bayo phezu kwakho ibe nomusa kuwe, I Nkosi ikubheke ikuphe ukuthula" Ngakho bayakubeka igama lami kuma Israyeli ngiyakubabusisa" (Numeri 6:23-27) Baba ngimemeza igama lakho ku Sbanibani ; mbusise umvikele namuhla, Nkosi yenza ubuso bakho bumkhazimulele ube nomusa kuye. Baba phendula imithandazo yakhe umnike ukuthula kwakho.

Ezinye izingxenye zemibhalo zemikhuleko yezibusiso :

- Yena (U Nkulunkulu u Baba) usibusisile emazulwini ngezibusiso zoko Moya ku Kristu (E Fesu 1:3)
- Umusa we Nkosi u Jesu Kristu, nothando luka Nkulunkulu, nobudlelwane buka Moya Ongcwele bube nani nonke (2 Korinte 13:14)
- Umusa we Nkosi u Jesu ube nawe (1 Korinte 16:23)
- U Nkulunkulu wami uyohlangabezana nazo zonke izidingo zenu ngokwengcebo yakhe yenkazimulo ku Kristu Jesu (Filiphu 4:19)
- Kwangathi u Nkulunkulu qobo lwakhe, u Nkulunkulu wokuthula, aningcwelise njalo njalo, Kwangathi u Moya wenu nonke umphefumulo nomzimba kugcinwe kungasoleki ekubuyeni kwe Nkosi u Jesu Kristu. Lowo onibizayo uthembekile futhi uyokwenza (1 Thesalonika 5:23-24)

Kungani lelisu linamandla kangaka?

- Hayi ukuthi bonke abantu banesiphiwo sokuvangela, kodwa sonke singakhuleka, ngisho nonyube mbala nabanamahloni nabanobunzima ukukhuluma kwabanye abantu ngokukholwa kwabo.

- Lendlela yokukhulekela abantu ayisabisi nokwakha ubudlelwane nabantu ngendlela “enhle” yokuxoxa nabo ngo Jesu.
- Abantu abaningi bavulelekile ukulalela lokho okushoyo ngo Jesu uma bezobona ngendlela ecacile neyenzekayo nanokuthi uyabanakekela futhi uyabathanda. Izenzo zethu zinamandla kunamazwi ethu.

Umqondosimo wakho ekukhulekeni

- Khuleka ngokukholwa – U Nkulunkulu uyayiphendula imikhuleko (Hebh.4:16, 11:6)
- Uma ukhuleka, yaqzi ukuthi akukho okwahlula u Nkulunkulu (Marku 10:27)
- Khuleka ngozwelo (Mathewu 9:36)
- Bekezela emkhulekweni (Luka 18:1)
- Khuleka ngenhliziyo emsulwa (Izaga 28:9, 13)

Ukukhuleka nabanye

Ungakhuleka wedwa, kodwa kungcono futhi kukhuthaza kakhulu uma ungathola abanye abantu abazothatha loluhlelo *Thatha Abahlanu* (Take Five) bakhuleke nawe. Ungagqugquzela umndeni wakho ukuthandaza nawe noma labo enihlangana nabo nikwenze ngokuhlanganyela, noma-ke ungathola amanye ama Kristu amabili noma amathathu emsebenzini esikoleni ukuba bakhuleke nawe.

Imibhalo yomkhuleko (amavesi)

Eminye imibhalo engeziwe namavesi ongawasebenzisa ngezikhathi zakho zomkhuleko : Johane 3:16, Johane 6:63, Johane 6:44, Johane 5:21, Johane 16:8-11, 2 Korinte 4:3-4, 2 Korinte 10:3-6, 2 Petru 3:9, Mathewu 18:14,
1 Thimothewu 2:3-4.

Khululeka ukwenza amakhophi amanye ngaphezulu alencwadi ukuwedlulisela kwabanye abantu ngaba ilungelo lokukopisha kaligodliwe.